## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba: (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: (2 x 25) (50)

   **QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A kanye NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokuphendula umbuzo owukhethile. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nombhalo. Yonke imibhalo oyikhethile ayibe namalungiselelo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80.
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Impi Yomndeni Ayingenwa **[50]**

1.2 Ukuphila Nezifo Ezingalapheki **[50]**

1.3 Ubuhle Nobubi Bomkhuba Wokugqokisa Abafelokazi Kanye Nabafelwa Inzilo **[50]**

1.4 Bhala indaba ezophetha ngala mazwi:

Ukuthuthukisa ikhono engizalwe nalo kungenze usozigidi.

Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.5 Ukudlala amaphesenti angama-90 omculo wakuleli emsakazweni wezomphakathi, kuzothuthukisa umnotho wakuleli.

Bhala indaba uveze uvo lwakho ngalesi sitatimende. Inike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA**: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku: *Sawubona*, November 2015] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Ukanina wakho enakhula naye uboshiwe. Ugwetshwe udilikajele ngecala aninike isiqiniseko sokuthi, ubhecwe ngobubende inyama engayidlanga.

Bhala incwadi umkhuthaze, uphinde umnike nethemba elizokwenza abone ukuthi icala lizobuyekezwa aphume kungekudala. **[25]**

2.2 **IKHARIKHULAMU VITHAYE (I-CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Sebenzisa lesi sibonelo sencwadi ukubhala iKharikhulamu Vithaye kaNokubonga Bhengu.

Bhala Ikharikhulamu vithaye (I-CV) kaNokubonga Bhengu ehambisana nalesi sibonelo sencwadi.

Isibonelo:

Box 2395
Verulam
4340
18 kuNdasa 2017

Mphathi Sitolo
Woolworths Store
Private Bag X12
Standerton
2430

Nkosazana

<u>Incwadi yokucela isikhala sokubamba itoho</u>

Ngibhala le ncwadi ukucela ukuba ngomunye wabasebenzi ababambe itoho esitolo sakho. Lo msebenzi ubukhangiswe ephephandabeni Isolezwe lango mhla ziyi-10 kuNdasa 2017.

Nginekhono elinzulu lokusebenza nabantu njengoba ngenze iziqu zeHuman Resource Management. Njengamanje ngisabambe njengevolontiya eNyuvesi yezobuchwepheshe e-DUT ukulekelela abafundi abazobhalisela unyaka wokuqala. Ngonyaka odlule ngibe omunye owaba nenhlanhla yokuqokwa uMasipala wendawo emnyangweni wezokuthuthukiswa kwamakhono entsha izinyanga eziyi-12.

Ngiyethemba ukuthi ngingaba usizo olukhulu kubasebenzi kanye nakubathengi abazothenga esitolo sakho. Uma ninganginika leli thuba lokubamba itoho kungenza abantu abasha bakujabulele ukuzothenga esitolo ngisebenzisa ikhono lokunxenxa abantu.

Okunye okubaluleke kakhulu ukuthi iziqu zami ziyahambisana nalo msebenzi eniwukhangisile. Uma isicelo sami singamukeleleka ngingakujabulela ukunikezwa ithuba lenhlolokhono ngesikhathi esiyobe sivumelana nabaphathi besitolo.

Ngiyojabula kakhulu uma isicelo sami siyokwamukelwa.

Yimina ozithobayo
**uNokukhanya Bhengu (Nksz.)** **[25]**

## 2.3 INCWADI YOMSEBENZI

Endaweni yangakini kunenkinga ngendlela izingane ezithuthwa ngayo abashayeli bamatekisi uma ziya ezikoleni.

Njengelunga lomphakathi elikhathazekile ngalesi simo, bhala incwadi uyibhekise kuSihlalo kaSoseshini wenhlangano yamatekisi angakini. Methulele izikhalazo kanye nezincomo eniziphakamisile ningamalunga omphakathi emhlanganweni ebeninawo ngempelasonto.

Bhala incwadi yomsebenzi. **[25]**

## 2.4 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

UThishomkhulu wesikole ubize umhlangano wokuzokwethula isabelo zimali sonyaka olandelayo.

NjengoNobhala omele abafundi emkhandlwini wokulawulwa kwesikole, bhala i-ajenda namaminithi alo mhlangano. **[25]**

## 2.5 UMBIKO OBEKELWE UMGOMO

Sekubheduke izifo eziningi ngenxa yesomiso esikhungethe indawo eniyakhele. Nakhe isigungu esenze ucwaningo enizolwethulela umphathi womtholampilo wangakani.

Bhala umbiko obekelwe umgomo enizowethulela lo mphathi. **[25]**

2.6 **I-INTHAVYU/INHLOLOKHONO**

Ubufake isicelo somsebenzi enkampanini enkulu yezobuchwepheshe kuleli. Ube ngomunye wababizelwa inhlolokhono yalo msebenzi.

Bhala inhlolokhono/i-inthavyu phakathi kwakho kanye nesigungu esiqokelwe ukuqasha abasebenzi bale nkampani. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**